



UMQEQUESHI weThanda Royal Zulu uRodger Sikhakhane equkulwe abalandeli begembu ngemua kokuthi eliphindisele kwiAbsa Premiership kulandela ukweliha iStellenbosch FC emdlalweni obuseMhlathuze Sports Complex ngoLwesithathu Isithombe: SBONELO NGCOBO

Iziyalo zikaSikhakhane kozakwabo abaqequesha kwiNFD

NHLANHLA SITHOLE

UMQEQUESHI weThanda Royal Zulu, uRodger Sikhakhane uhlahe ikhwela kozakwabo abaqequesha kwiNational First Division (NFD) elithi uma befuna impumelelo kulesi siga afukanele bathathe zonek izitayela zabanye abantu kodwa ababambelle endleleni abaholelwayo kuyona nezkwenza amaqembu azive ngayo futhi angagudhukli kuyona noma ngabe sekunzima kangakanani.

Aukukhona uSikhakhane efaka iqembu likaNFD esigabeneni esikhulu. Uqale ukugila izimanga kwiChippa United kwathithi mhlawumbe uculo uthuke ezishayisa endukwini.

Lo mjegehi uriko kwiThanda ngasekupheleni kwsizini edule ezoyitakula ekutheni lingacwili esizibeni njengoba yase ivelengonyane kwatatalagu.

Namhanje sekuvumando ukuthi iThanda ibuyele esigabeneni esikhokhelwayo ngaphansi kobuholi bakhe.

Amabhubesi azinze eMhlathuze ngaphesha komfula uThukela enyukele esigabeneni esikhulu ngokushaya iStellenbosch ngo 2-1 emdlalweni obuseMhlathuze Sports Complex ngoLwesithathu ntambamba.

"Impumelelo yami ilula ngiyakholelwa esitayeleni engifuna iqembu engiligeqeshayo lidale ngaso.

"Ngasekupheleni kwsizini edule ngifike izinto zimapetkewane ngazama ukulungisa isimo okwesikashana isitayela sikwazi ukuvika izembe. Ngale sizin kubu yilapho ukutshala isitayela sami sokuthi abadali kuzofanale bangalixoshi ibhola kodwa lisuke komunye liye komunye," kusho uSikhakhane.

Ebuza ukuuthi ngabe ubengenalo uuvalo ukuthi le ndlela yokudala ibizohambe ikhathaze abadali uma seziya emajikeni okuphela kwsizini uthe ubengenalo noluncane uvalo lwalokho.

"Konke kusukela ngesikathi wenza malungiselo okuqala kwsizini. Uma uwenze ngendlela egondile wakwazi ukutshala kahle indlela ofuna abafana badlale ngayo ngeke ube unkeninga ngesikathi kughubeka imidalo yesizini. Bengingenalo noluncane uvalo yize bekukhona abantu abathi umgqiqo esihamba ngawo uzohambe wehle," kuchaza uSikhakhane.

Mayelana nokuquinisa iqembu lakhe

LOG YENFD

National First Division

	Plt	W	D	L	GF	GA	Pts
Thanda	27	15	11	1	46	21	56
Black Leopards	27	12	8	7	39	33	44
Stellenbosch FC	27	12	7	8	36	28	43
Royal Eagles	27	11	8	9	47	35	41
AmaZulu	27	12	5	10	44	35	41
Witbank Spur	27	11	8	9	36	34	41
Mthobanele	27	11	7	9	39	12	40
Mthatha Bucks	27	8	13	6	35	37	37
Real Kings FC	27	9	9	9	35	30	36
Jomo Cosmos	26	9	8	9	28	26	35
Univ of Pretoria	27	9	6	12	29	33	33
CT All Stars	26	6	11	9	19	26	29
Milano	27	9	2	16	33	52	29
Magesi FC	27	7	7	13	27	39	28
FC Cape Town	27	6	10	11	32	45	28
Santos	27	3	10	14	15	36	19

njengoba selizogijima kwiPSL uthe bakhona abadlali anabo ekhanda lakhe afuna ukuginiqisa ngabo.

"Ngabe siyazikhohlisa uma singathi ngeke sithungathe abadlali esizogiqisa ngabo. Nakuba kunjalo kodwa ngeke silande inqwaba yabadlali. Mhlawumbe sizosayinisa abadlali abayisithupha. Futhi abadlali esibafunayo akubona asebezophelwa yisikhathi. Sifuna abadlali abasebancane abasokwazi ukwenza lento esikholelwya kuyona kwiThanda," kusho uSikhakhane.

Uphethe ngokuthi abonge ubambiswano kusukela kubaphathi begembu, ithimba labaqequeshi kuze kuyoshaya kubadlali.

Ngabe siyazikhohlisa uma singathi ngeke sithungathe abadlali esizogiqisa ngabo. Nakuba kunjalo kodwa ngeke silande inqwaba yabadlali.

Mhlawumbe sizosayinisa abadlali abayisithupha. Futhi abadlali esibafunayo akubona asebezophelwa yisikhathi. Sifuna abadlali abasebancane abasokwazi ukwenza lento esikholelwya kuyona kwiThanda," kusho uSikhakhane.

Imidalo yeNFD namuhla ngo 3 ntambamba:

Black Leopards v Magesi FC
(Thohoyandou); Witbank Spurs v Mbombela United (Puma Rugby Stadium); FC Cape Town v Mthatha Bucks (NNK Rugby); Stellenbosch FC v Real Kings FC (Athlone Stadium).

Kusasa ngo 3 ntambamba: University of Pretoria v Milano United AFC (Tuks Stadium); Jomo Cosmos v Royal Eagles (Tsakane Stadium); AmaZulu v Santos (Prince Magogo); Cape Town All Stars v Thanda Royal Zulu (Parow Park).

